ISOLEZWE (KZN)
24 Apr 2013, p.9



**ABAFUNDI baseDurban University of Technology abebetolika ngohlobo lwezobuchwepheshe okuyinto eyenziwe okokuqala ngqa kulesi sikhungo, emcimbini wokuthweswa kweziqu ngeledlule**

# Kutolikwe ngesiZulu kweyeziqu enyuvesi

**ZANELE MSOMI**

KWENZEKE okungajwayelekile esikhungweni semfundo ephakeme eDurban University of Technology (DUT), kutolikwa ngesiZulu yonke imicimbi yokwethweswa kweziqu ngeledlule.

Abazali abebeyingxenye yale micimbi eyingqophamlando ebiseMgungundlovu naseThekwini, kabawuvali umlomo. Bawushayele ihlombe umqondo wokutolika abathi ukhombisa ukubuya kwesithunzi sezilimi zomdabu. Bekuqala ngqa ukuthi kutolikwe ngesiZulu kwazise minyaka yonke umcimbi uqhutshwa ngesiNgisi kuphela.

UNkk Sibongile Ngiba waseSavannah Park, ePinetown, ungomunye wabazali abawuthakasele lo mqondo. Indodakazi yakhe uSilindile, ibiyothweswa iziqu zeSign Language kulesi sikhungo.

UNkk Ngiba othi akafundile, uzizwe ebalulekile ngenxa yokubhekelelwa kolimi lwakhe.

"Phela sike siye emicimbini uze uphume ungezwanga lutho, kuvetezwa isiNgisi kuphela. Ngiphume ngijabule kabi ngoba ngizwe yonke into," kusho yena.

Uthe bathe bengena banikezwa okusazipikha abakufake ezindlebeni bakhonjiswa nalapho kumele bacofe khona ukuze bezwe ulimi lwabo.

UDkt Lollie Makhubu, oyiNhloko yoMnyango weziLimi nokuXhumana eDUT, uthi kade babefisa lo mqondo ukuthi uphumelele. Ukuqinisekisile ukuthi bekungokokuqala emlandweni wesikhungo.

"Besike sifise kodwa abaphathi besikhungo bangawuzwa kahle lo mqondo. Bebengaqondi kahle, becabanga ukuthi lokhu kuzodla isikhathi nemali," echaza.

Uthe ukuthuthuka kwezobuchwepheshe yikho okubasizile. Basebenzise ubuchwepheshe obusetshenziswa emaPhalamende nasezingqungqutheleni ezinkulu.

"Akusizakalanga abazali kuphela kodwa nabafundi bethu abenza izifundo zokutolika. Bathole ukuqeqesheka ngoba bebeshintshana kuzo zonke izigaba zomcimbi."

Uthe basebenzise abafundi ababili ngomcimbi owodwa kulabo asebenza unyaka wokugcina kwiTranslation and Interpretation.

Uyaluncoma uhlelo lobuchwepheshe athi aludli sikhathi ngoba inkulumo idlulela kolalele ngaso leso sikhathi.

Uthembise ukuthi sebezokwenza lokhu kuyo yonke imicimbi ukubhekelela abangasizwa isiNgisi.

Ukutolika kwenziwe wuphiko lweMedia, Language and Communication.